

**SPEECH BY KZN MEC FOR HEALTH, MS NP NKONYENI ON THE
OCCASION OF CELEBRATION OF A PARTNERSHIP WITH FAITH
BASED ORGANISATIONS AT PORT SHEPSTONE**

07 December 2006

Ngizoqala ngokunxusa onke amakholwa kanye nabo bonke abakhi balesifundazwe ukuthi bahlangane ngomkhuleko kuthandazelwa uNgqongqoshe wezeMpilo esimthandayo umama wethu u **Dr Manto Shabalala Msimang**. Siyazi sonke ukuthi uke wamukelwa esibhedlela eGauteng kodwa ke manje useyalulama ekhaya.

Ngizoqhuba ngokuzwakalisa okukhulu ukubonga kuwo onke amakholwa alelizwe ngemithandazo kanye nangezenzo zawo kusizwa abagulayo kanye nabaphathekile ikakhulukazi kuxhaswa lezingane esezihola imindeni ngenxa yokushiya abazali ngesifo sengcualzi.

Ukubonga kwethu akupheli namhlanje, njengaloku naba nabo Chaplain abavela kuwo wonke ama District nesithe namhlanje asizobabona sivuselele izibopho esazenza nabo singuMnyango wezeMpilo.

Bazalwane abathandekayo, loluhlelo lwama Chaplain, lungelunye lwezinhlaka zethu ezibaluleke kakhulu ekubhekeleleni ukukhula kanye nasekulapheni abantu bakithi ngokomphefumulo.

Singu Mnyango sinabo Chaplain abangamashumi amathathu nantathu [33]. Abayisithupha [6] bavela ku District yase Thekwini, bese kuthi onke amanye ama District abe nabathathu [3] ngayinye.

Thina singuMnyango sinesivumelwano nabo abefundisi bethu abahloniphekile, ukuthi bahambele abantu isikhathi esingekho ngaphansi kwamahora amabili ngelanga, okanye amahora angamashumi amane ngenyanga, beyobavuselela ngokomoya.

UMnyango ukhathezekile ngesibalo esincane sabefundisi besifazane njengaloku kulaba abangu 33 esinesivumelwano nabo, bathathu kuphela abangomama. Kulonyaka ozayo sizongezelelela kuwo onke ama District abanye o Chaplain, one in each.

Okunye okungasiphethe kahle udaba lokuthi izinkolo zamaChristian kanye nama Muslim kuphela esibambisene nazo. Umbuzo omkhulu yilowo wokuthi baphi abe *African Traditional Religion*; abe *Bahayi Religion*; *Jewish* kanye nama *Hindu* ngoba phela abantu bakulelizwe bavela kuzo zonke lezinkolelo.

Sinesiphakamiso sokuthi njengoba sizophinde sivuselele lesivumelwano uma kuphela uAugust 2007, bavele ngokudlulele abefundisi abangomama ngokunjalo nabefundisi abamele ezinye izinkolo. Abefundisi laba esisebenza nabo uMnyango uyababonelela ngesamba sika R3000 ngenyanga, uphinde ukhiphe nemali engadlulile ku R1 500 ukubhekelela izindleko zabo zokuhamba.

SinguMnyango siyalibonga igalelo lenu befundisi bethu. Siyatusa, sibe sicela nokuthi nithole amandla encwadini u 1 **Peter 3: 12 a;**

‘ The eyes of the Lord are over the righteous, and his ears are open unto their prayers.’

Mphakathi ohloniphekile, kulenyanga esikuyo zimbili izinto esizihambisa phambili nesiqikelela ukuthi wonke umuntu afake igalelo ngazo. Okuphambili udaba lokuthi kusukela ngo December 16 saqalisa ngomkhankaso we **16 DAYS OF ACTIVISM AGAINST GENDER BASED VIOLENCE.**

Okwesibili, kulenyanga esikuyo, onke amazwe omhlaba asebenza ngokubambisana ekulwisaneni kanye nokubhebhetheka kwesifo sengculazi [HIV and AIDS] njengaloku ngo December 1 bekugunjwa I World Aids Day.

Kuleviki eledlule abaholi bale Province, kubalwa uNdunankulu ubaba u **Sbu Ndebele**, amalunga eKhabinethi yakhe kanye nawo onke amalunga ePalamende bebehambebe kulendawo yasoGwini ukuthi kuzoboniswana, kuqwashiswane kuphinde kukhuzwane ngesifo sengculazi. Kuyo lendawo ngokubambisana nabaholi bemikhandlu emithathu, okuyi **Vulamehlo, Umdoni** kanye no **Umzumbe** kuphinde kwavakashelwa imindeni yalaba abaphathekile kanye naleyo okumanje esiholwa ngabantwana, kuyonikezwa usizo lwama Nutritional packs kanye nokudla.

I **Theme** okuvunyelwene ngayo kulonyaka ithi, **STOP HIV AND AIDS. KEEP THE PROMISE.**

Loku ngamanye amagama kuthi **IMPILO YETHU ISEZANDLENI ZETHU**. Lelikhwelo lithi thina ngokwethu masenze konke okusemandleni ukuzivikela ekungenweni kanye nasekubhebhethekeni kwengculazi.

KNOW YOUR STATUS— COME FORWARD FOR TESTING.

Ngawo futhi u December 1 u**Sekela Mongameli** wezwe unkosikazi **Phumzile Mlambo Ngcuka** waveza ukuthi uhlaziyo lwe SANAC lukhombise ukuthi indlela lelizwe elilwisana ngayo nesifo sengculazi esemqeni oya phambili. Namanje kusaphakamiswa ukuthi makuqiniseke ku **PREVENTION; CARE; MANAGEMENT; TREATMENT; SOCIAL MOBILISATION; MONITORING AND CARE.**

Kubantwana bethu njengoba kuvalwe izikole ngikhipha isixwayiso sokuba mabaqaphele ama Party abawahambayo njengoba sekukhona imikhuma yokufaka ama Drugs[**spiked drinks**] eziphuzweni. Loku kuyingozi kakhulu ngoba umuntu uvele alale adlwengulwe[**date rape**] angazi nanokuthi loku kwenziwe ngubani, igciwane libe selingenile njalo.

Siyanxusa ukuthi amalunga omphakathi abambisane nathi njengaloku uhulumeni wenza konke ngaphansi kwezinhlelo ze **Comprehensive HIV and AIDS Care, Management and Treatment Plan**. Loku kufaka nombidlango wokulapha ama Sexually Transmitted Diseases kanye nazo zonke izinhlobo ze Tuberculosis.

PHANSI NAMASOKA, PHAMBILI NEZISHIMANE

Sikhipha nesixwayiso kulabobantu abalala nabanye abantu, babe bazi kamhlophe ukuthi sebehaqwe igciwane, bese benza ucansi olungaphephile, mabazi ukuthi loko kulicala elibomvu nanokuthi bangaboshelwa ukuzama ukubulala.

Umnyango wezeMpilo usuphinde wakhapha isamba sika **R32 million** ezosebenza iminyaka emithathu kunikezwa ama **NGO** azosebenzisana ne **KZNHPPC** okuyiyona inhlango esithe mayibhekelele ama **Home and Community Based Carers** .

Umphakathi siyawunxusa ukuthi ungabe usababandlulula laba abaphila negcewane ngoba loko kwenza kube nzima ukuthi beze phambili bazofuna usizo.

Mangichaze ukuthi uMnyango inkulu inqubekela phambili oyenzayo kulandelwa izinhlelo ze **Comprehensive HIV and AIDS Care, Management and Treatment plan**. Singaveza nje ukuthi ngo July 2004 ngenkathi siqalisa ngaloluhlelo sasinabantu abangu **603** ku **ART Programme** kubalwa nezingane ezingu **38**.

Ekupheleni kwenyanga ka October kuwo lonyaka lesibalo sesenyukele ku **59 404**, okufaka nabantwana abangu abangu **6378**. Kube futhi kungenzeka ukuthi sesiphezulu njengaloku singawafaki amanani alenyanga ka November.

Inhloso yethu singuMnyango ukuthi kuthi kuphela uMarch walonyaka ozayo sibe sinabantu abangu **65 000**.

The interpretation of patient numbers on Comprehensive HIV and AIDS Treatment Plan should take into account the

effect of patients who are lost to follow up, deregistered and those who died after the commencement of the treatment.

Mangisho ukuthi bukhulu ubudlelwano obukhona phakathi kwezifo zocansi kanye nalesisifo sengculazi. Umphakathi mawazi ukuthi izifo zocansi sizilapha mahhala futhi sibe sigqugquzela ukuthi umuntu afike nalona athandana naye uma ezolashwa. Kulonyaka nje kuphela sebengu **645,000** abantu esisebalaphile. Loko ke thina kuyasikhombisa ukuthi ama Condom awasetshenziswa yize sikhapha angu **32 million** awesilisa kanye nangu **245 000** abesifazane.

Mangiphethe ngokuveza ukuthi uMnyango ukulwisana naleligcewane ubeke eceleni isamba sika **R800 million**, waphinda ngokunjalo wakhipha esinye isamba sika **R221 million** ukuthenga ama **Nutrition packs** ukuze laba abathola imishanguzo bazokwazi ukuthola ukudla okuzobenza baqhubeke nemithi.

Okunye okusiphethe kabi kulesifunda ukudlanga kwesifo se TB. Namhlanje ngithi umphakathi kuhle wazi ukuthi I TB iyelapheka noma ngabe umuntu usephila negcewane lengculazi. Okubalulekile ukuthi umuntu osengenwe I TB athathe imithi ngendlela alayelwe ngayo. Uma abantu bengakwenzi loku mabazi ukuthi basencupheni yokuhlaselwa I MDR kanye ne XDR, nokuyizinhlobo ze TB engasavumi ukuthatha lemithi esiyikhiphayo.

Masizibheke. Impilo yethu esezandleni zethu.

STOP AIDS: KEEP THE PROMISE.

ABSTAIN, BE FAITHFUL and CONDOMISE.